

UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo



UMnu Enver Surty, iSekela loMnyango weMfundo eyiSesekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

ISBN 978-1-4315-0266-0

9 781431 502660

**LIFE SKILLS IN ISIZULU**
**GRADE 2 – BOOK 2**
**TERMS 3 & 4**
**ISBN 978-1-4315-0266-0**

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

## Ukufunda ngomthetho sisekelo waseNingizimu Afrika (1996)

Umthetho sisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Lemithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinkantolo futhi ingaphezulu kukahulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthetho sisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

| Masiyazi imvelaphi yethu. | Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathi eyedlule. | Umthetho sisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elincono lethu sonke. |
|---|---|---|

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika,

Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula;

Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlaba wethu;

Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu; futhi

Sikholelwa ekutheni iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.



Ngakhoke, ngabameleli bethu esibakhethe ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-nqangi weRiphabhuliki ukuze—

> Silungise ukwehlukana kwesikhathi esedlule bese sakha umphakathi owesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;
>
> Sibeke isisekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uhulumeni wakhelwe phezu kwentando yabantu futhi lapho sonke isakhamuzi sivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;
>
> Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; isifuthi
>
> Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele phakathi komndeni wamazwe ngamazwe.



| Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika nokuzimisela ukuvikela amalungelo abanye. | Yazi Umqulu wamalungelo kanye Nomqulu wokudinga ukwenziwa. |
|---|---|

*Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.*
*Nkosi Sikelel' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.*
*God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.*
*Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.*

Rainbow WORKBOOKS

*Izincwadi zokusebenzela ezikhona kulolu hla lwezincwadi:*

- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 4 – 6 (NgesiNgisi)*
- *Ulimi lwasekhaya Amabanga 1 – 6 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*
- *Izibalo Amabanga 4 – 9 (NgesiNgisi nesiBhunu)*
- *Amakhono Empilo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)*

Ibuyekeziwe – Ihambisana ne-CAPS

# Ibanga lesi-2





# Amakhono Empilo ngesiZULU

## Incwadi yesi-2
## Ithemu 3&4



Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## Isihlalo sabakhubazekile


**Ithemu 3** ikhasi

33 Inhlabathi ibaluleke ngani kithi? ..... 2
34 Ukubaluleka kwenhlabathi..... 4
35 Okunye ngenhlabathi..... 6
36 Ukusebenzisa inhlabathi..... 8
37 Ezokuthutha ezweni: ezisebenzisa umgwaqo ..... 10
38 Ezokuthutha ezweni - Izitimela ..... 12
39 Ezokuthutha ezihamba emoyeni ..... 14
40 Ezokuthutha zasemanzini ..... 16
41 Okunye ngezithuthi zasemanzini ..... 18
42 Izithuthi zomphakathi..... 20
43 Ukuphepha emgwaqweni ..... 22
44 Imithetho yomgwaqo ..... 24
45 Abawelisa izingane zesikole ..... 26
46 Indlela amaphoyisa omgwaqo asisiza ngayo ..... 28
47 Abanye abantu abawusizo kithi ..... 30
48 Imisebenzi emihle emphakathini ..... 32

**Ithemu 4** ikhasi

49 Izwe lethu, iNingizimu Afrika ..... 34
50 Ifulegi lethu lesizwe..... 36
51 ICulo Lesizwe neSiphandla ..... 38
52 Izimpawu zesizwe ..... 40
53 Izinhlobo ezahlukahlukene zokuxhumana ..... 42
54 Ukuxhumana ngokubhalelana kanye nangamazwi..... 44
55 Ezinye izindlela zokuxhumana ..... 46
56 Ukuxhumana ngezikhangisi nangomculo..... 48
57 Sixhumana kanjani uma singabantu abangezwa ezindlebeni? ..... 50
58 Sikwazi kanjani ukukhuluma uma singaboni emehlweni? ..... 52
59 Imini nobusuku ..... 54
60 Amaphupho nezifiso ebusuku..... 56
61 Umsebenzi wasemini nowasebusuku ..... 58
62 Ukwenza umsebenzi omuhle ebusuku ..... 60
63 Izilwane zasebusuku..... 62
64 Isilwane esihlale siphephile ebusuku ..... 64



Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education



Fifth edition 2015

ISBN 978-1-4315-0266-0


**This book may not be sold.**


The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.


# Wena ubalulekile. Umzimba wakho wonke ubalulekile. Umzimba wakho ungowakho!



**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**



**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**

# Inhlabathi ibaluleke ngani kithi?



Masifunde

Abantu badinga inhlabathi ukuze baphile. Izwe esiphila kulo liyinhlabathi. Sakha izindlu zethu enhlabathini, sitshala izitshalo esizozidla enhlabathini. Izilwane ziyayidinga inhlabathi. Izimbuzi nezinkomo zidla utshani nezinye izitshalo ezimila enhlabathini. Ezinye izilwane ezincane njengawonogwaja namagundane, izinambuzane ezifana nezintuthane kanye nemisundu kuhlala enhlabathini. Cishe zonke izitshalo zidinga inhlabathi ekukhuleni kwazo.

Kunezinhlobo ezintathu ezahlukene zenhlabathi.

## Inhlabathi enesihlabathi

Uma ungazama ukuhlikihla iminwe yakho enhlabathini uzozwa ukuthi ilukhuni. Yomile inesihlabathi futhi. Kulula ukuthi umoya uyigugule ngokuyiphephula inhlabathi esasihlabathi. Uma uthela amanzi esihlabathini, amane angene kalula esihlabathini, futhi asigugule isihlabathi. Azikhuli kalula izitshalo kulolu hlobo lwenhlabathi ekhanyayo ngombala.



Umhlabathi ohlakazekile

## Ewubumba

Enye inhlabathi iyaye izwakale iwubumba. Uma imanzi le nhlobo yenhlabathi iyanamathela ibumbane. Ziningi izinto ongazenza ngobumba olumanzi, izinkomishi, izitsha, nezilwane ezibunjiwe. Kulukhuni-ke ukutshala izitshalo enhlabathini ewubumba. Uma lina ubumba lubamba amanzi ahlale kulo isikhathi eside bese kuthi izitshalo ezimile kulo zibe manzi isikhathi eside kakhulu.



Umhlabathi olubumba

Usuku:................................

## Eyingxube

Uhlobo esilubiza ngomhlabathi oyingxube luhle kakhulu, sitshala kulo imbewu nezitshalo. Awubi manzi kakhulu noma wome kakhulu. Lo mhlabathi unokudla okwanele ukugcina izitshalo zikhula ngendlela efanele. Umhlabathi uyinhlanganisela yomhlabathi owubumba kanye noyisihlabathi kanti uthe ukuba mnyama ngebala.



Umhlabathi oyingxube



**Masenzeni lokhu**

Ake uzame ukuthola ukuthi luhlobo luni lwenhlabathi olusesikoleni sakho.

- Zungeza isikole uhambe nasezinkundleni nomngani wakho uthole ukuthi kunesihlabathi noma ubumba noma inhlanganisela yini.
- Letha eklasini lakho izinhlobo ezintathu ezahlukene zenhlabathi ngamathini, noma izikhwama noma ngezinkomishi.
- Faka izinombolo eziqukathini oziphethe, njengo-1, 2 no-3.





**Masikhulume**

Xoxa nomngani wakho ngenhlabathi ofike nayo oyithathe ezinkundleni zesikole. Phendula le mibuzo ngohlobo ngalunye lwenhlabathi.

- Injani inhlabathi yakho?
- Izwakala kanjani leyo nhlabathi uma uyithinta?
- Bezikhona yini izitshalo ozithole zikhula enhlabathini?





**Masibhale**

Gcwalisa ngokubhala indawo lapho uthole khona lolu hlobo lomhlabathi kukholamu yokuqala, bese ufaka umbala ezimpendulweni ezifanele.

| Uwutholephi umhlabathi? | Uzwakala unjani? | | | Bezikhona izitshalo kuwo? | |
|---|---|---|---|---|---|
| | womile | omanzi oludaka | unamagabade | yebo | cha |
| | womile | omanzi oludaka | unamagabade | yebo | cha |
| | womile | omanzi oludaka | unamagabade | yebo | cha |




34

# Ukubaluleka kwenhlabathi

Masikhulume

Buka lesi sithombe bese ukhuluma ngezilwane ezihlala enhlabathini.




Masikhulume

Chazela umngani wakho ngezilwane ozibona esithombeni.
Zikhona ezinye izilwane ozikhumbulayo ezihlala enhlabathini?
Bhala amagama alezo zilwane.

| | | |
|---|---|---|
| | | |

Masenzeni lokhu

- Dweba noma upende isithombe sezinyoni, inhlanzi noma izinambuzane. Xoxa ngemibala nezimo zazo.
- Xoxa ngemibala, izimo kanye nokwakheka kwaso.

Usuku: ......................................

**Masibhale**

Dweba umugqa uqondanise izinto ezisebhokisini elingakwesobunxele nobunjalo bazo – indlela ezizwakala ngayo uma uzithinta – kulezo ezikwesokudla.

| | |
|---|---|
| usulubha | kulukhuni |
| umcamelo | kuyanamathela |
| iva | kuyashibilika |
| phansi | kuthambile |
| ingilazi | kuyashelela |
| insipho | kucijile |



**Masibhale**

Kunjani lokhu uma ukuthinta? Gcwalisa izimpendulo zakho.











**Masiqhubeke**

Yimani nenze isiyingi. Gijimani nibheke ohlangothini lwangakwesokunxele niphinde niguquke nigijime nibheke ohlangothini lwangakwesokudla.

Teacher:
Sign:
Date:

# 35 Okunye ngenhlabathi

**Masifunde** Idinga ukunakekelwa inhlabathi

Ingxenye ebaluleke kakhulu kubantu nasezilwaneni enhlabathini yingxenye ephezulu. Le ngxenye iyona lapho izitshalo zimila khona. Izimpande zezitshalo ziyaye zivikele ukuguguleka kwomhlabathi ophezulu uma kunamanzi noma kunomoya. Ziyafa izitshalo uma imvula inganele, noma kunomlilo. Ziyafa futhi uma imvula isiningi kakhulu. Uma kungenazitshalo, umhlabathi wangaphezulu ugugulwa yimvula, noma upheshulwe umoya. Nabantu bayayenza inhlabathi ukuthi iguguleke. Uma singayiqapheli inhlabathi, igcina ihlulekile ukuba nokudla okwanele ezitshalweni, bese zifa. Ngenxa yalokhu, inhlabathi igcina ngokuguguleka noma ngokuphephetheka.

**Masikhulume** Xoxa nomngani wakho ngezindlela abantu ababanga ngazo ukuguguleka kwenhlabathi. Zama ukuphendula le mibuzo elandelayo:

Kwenzekani uma sigenca silalise izihlahla eziningi?

Kwenzekani uma sifuya izimbuzi eziningi, izimvu nezinkomo ezindaweni zethu?

**Masibhale** Buka lezi zithombe. Xoxa nomngani wakho ngokwenzeka emhlabathini. Bese uthikha (✓) impendulo efanele embuzweni ngamunye.

Ingabe ukuguguleka kwenhlabathi kudalwa yi

| | |
|---|---|
| umoya | |
| umlilo | |
| yimvula enganele | |



Ingabe ukuguguleka kwenhlabathi kudalwa yi

| | |
|---|---|
| yilanga | |
| abantu | |
| wumoya | |



Usuku:..................................

**Masifunde** Izitshalo zidinga umhlabathi osesimeni esihle ukuze zikhule.

Izihlahla nezitshalo kuthola ukudla enhlabathini. Uma izihlahla nezitshalo ezahlukene zimile ndawonye, uhlobo ngalunye lusebenzisa uhlobo olwehlukile lokudla okusenhlabathini. Umhlabathi bese uthola ithuba lokuba sesimeni esihle. Uma umlimi etshala uhlobo olulodwa lwesitshalo, mhlawumbe kube wummbila wodwa, ummbila uthatha ukudla okuwuhlobo olulodwa, bese lolo hlobo luyaphela. Abalimi bangawugcina umhlabathi wabo uphile kahle ngokutshala izitshalo ezisebenzisa izinhlobo ezahlukahlukene zokudla okuphuma emhlabathini. Singawugcina umhlabathi wezingadi zethu uphile kahle ngokufaka ikhomposti: noma imvundela. Nawe ungayenza imvundela yakho. Umquba unikeza izitshalo umsoco. Nansi ngezansi indlela yokwenza imvundela.

**Masenzeni lokhu** Indlela yokwenza imvundela



### Uzodinga:

- amakhasi ezithelo nezitshalo
- amaphepha ayizicucu
- amagobolondo amaqanda
- amahlamvu notshani
- izikhwama zetiye
- ukhalibhodi


### Okudinga ukwenze emva kwalokhu:

- Konke lokhu uyakuhlanganisa kube yinqumbi ukubeke ekhoneni elinomthunzi ekhaya.
- Thela inhlabathi encane.
- Lokhu ukuthela ngamanzi ukuze kube nomswakama (qaphela kungabi manzi kakhulu).
- Phendula lokhu ngemfoloko yasengadini njalo ngemuva kwesonto elilodwa noma amabili.
- Uma kuguquka kuba ngamagabade, kuthele engadini yakho.
- Izitshalo zakho zizokhula ziqine emva kwalokho!

**Akufanele usebenzise:**
amathini, ingilazi, amapulastiki, ufishi, inyama, **ubisi noshizi.**

**Masibhale**

Buka lezi zithombe bese uthikha (✓) izinto ongazisebenzisa ukwenza imvundela. Beka isiphambano esikhulu ezintweni ongeke uzisebenzise.







Teacher:
Sign:
Date:

# 36 Ukusebenzisa inhlabathi

**Masifunde**

UDumisani nodadewabo uNtombi bafuna ukwenza ingadi. UNtombi ufuna ukutshala imifino kanti uDumisani ufuna ukutshala izimbali. Okokuqala kufanele bathathe isinqumo sokuthi iyiphi indawo efanele ukwenza kuyo ingadi. Ungabasiza kodwa wena? Buka lezi zithombe bese uthikha (✔) ibhokisi elifanele.


Yini elandelayo okumele bayenze? Bhala izinombolo ngokulandelana okufanele ezithombeni ezingezansi.





Kungabe ifanele le nto abayenzayo? Thikha (✔) izinto ezifanele ukwenziwa, ubeke isiphambano (✘) ezintweni ezingafanele ukwenziwa.






Usuku:..........................................



## Masikhulume

Xoxa nomngani wakho ngokuthi kunjani ukuba nengadi yemifino kanye nezithelo ekhaya. Kuyayonga yini imali lokhu kokubili? Kungabe imifino nezithelo kunambitheka kangcono? Kungani ucabanga kanjalo? Yiziphi izinhlobo zezithelo nemifino ongazitshala ekhaya? Yini ekhula kahle endaweni yangakini? Bheka ezinye izingadi namapulazi.


## Masibhale

Yenza uhlu lwezinhlobo zemifino ongathanda ukuyitshala. Bhala eduze kohlobo ngalunye usho ukuthi kungani ukhetha ukutshala lolu hlobo.

| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |

## Masenzeni lokhu

Bheka lezi zithombe bese utshela umngani wakho ukuthi kwenzekani esitshalweni sikabhontshisi ngasinye.




## Masiqhubeke

- Lalela kahle uthisha wakho, uma ethi gijima, gxuma, yiwa noma jomba, yenza lokho masinyane.
- Yima ngomlenze owodwa. Yima ngomunye owodwa futhi.

Dweba umugqa phansi noma ubeke intambo.

- Bese uhamba phezu kwayo uthole ukuthi ungayilandela yini.
- Yelulela izingalo zakho emaceleni wesekele umzimba wakho ngokwenza njalo.
- Zama ukwenza lokhu uvale amehlo!





# 37 Ezokuthutha ezweni: ezisebenzisa umgwaqo

Masifunde

Sisebenzisa izinhlobo ezehlukahlukene zezinto zokuhamba ukusuka endaweni ethile kuya kwenye kanye nokuthutha impahla ukusuka endaweni ethile kuya kwenye. Iningi lethu lihamba phansi emigwaqweni, ngesitimela kanye nangezindlela zezinyawo. Sibuye sisebenzise izinto zokuhamba ezifana namaloli kanye nezitimela ukuthutha impahla sisebenzisa izwe.

Masenzeni lokhu

**Buka lezi zithombe. Zonke zisikhombisa izinto ezahlukahlukene zokuthutha kusetshenziswa umgwaqo. Dweba umugqa uqondanise isithombe negama elifanele.**




inqola yezimbongolo

isithuthuthu




ibhasi

ibhayisikili




imoto

isikuta




iloli

itekisi

Masikhulume **Xoxa nomngani wakho bese niphendula le mibuzo.**

Uhamba ngani uma uya esikoleni nsuku zonke? Uhamba ngani uma uya emtholampilo? Uhamba kanjani uma uyovakashela abangani bakho? Uhamba kanjani ukuya edolobheni?

Usuku: ..........................................

**Masibhale** Bhala imisho emibili usho ukuthi uya kanjani esikoleni nsuku zonke.

| |
|---|
| |
| |

Manje qedela le misho elandelayo.

Uthisha wami uza esikoleni nge-____________________.

Ngihamba ____________________ uma ngiya emtholampilo.


Uma ngiya kubo kamngani wami, ngi- ____________________.

**Masikhulume** Kungabe usebenzisa uhlobo olulodwa lwesithuthi uma uya esikoleni? Zinhlobo zini zezokuthutha ezisetshenziswa ngabanye abantwana baseklasini?

Buka le grafu bese uphendula imibuzo.

Ziya kanjani esikoleni izingane eziningi zeklasi lakho?

Bangaki abeza esikoleni ngezimoto?




**Masifunde** Sewuyazi manje ukuthi kunezinhlobo ezahlukene zokuthutha ezisebenzisa umgwaqo. Kunezinhlobo ezahlukene futhi zemigwaqo, isibonelo:

- imigwaqo ewubhuqu
- imigwaqo yetiyela.



Eminye imigwaqo, ikakhulu exhuma amadolobha, ibanzi kakhulu. Le migwaqo ike ibizwe ngemigwaqo yomendo noma othelawayeka ngoba izimoto zihamba zikhululeke kuyo. Ivame ukuba nemizila emibili ohlangothini ngalunye, ziba zine izimoto ezikwazi ukuhambisana ngesikhathi esisodwa. Eminye yemigwaqo emikhulu ingaba nemizila eminingana kunalokhu. Umgwaqo onguthela wayeka uthi awufane nomgwaqo omkhulu, kodwa izinhlangothi ezimbili zomgwaqo zihlukanisiwe. Ukwazi ukuhamba ohlangothini olulodwa olubheke endaweni eyodwa uma uhamba ngothelawayeka womgwaqo.

**Masikhulume** Uke waya emgwaqweni onguthelawayeka? Ukhona umgwaqo onguthelawayeka eduze kwakini? Imigwaqo yangakini iyitiyela noma iwuthuli? Yikuphi okuphephile – umgwaqo onguthelawayeka ojwayelekile noma oyi-freeway? Kungani usho kanje?



# 38 Ezokuthutha ezweni – Izitimela

**Masifunde**

Ukusebenzisa umgwaqo akuyona kuphela indlela yokuthutha ezweni. Kukhona nololiwe. Lezi yizindlela okuxhunywe kuzo izinsimbi, ukwenza okuthiwa wujantshi lapho kuhamba khona amasondo esitimela. Izitimela zithwala konke impahla kanye nabantu okusuka emadolobheni athile ukuya kwamanye. Isitimela sithwala abantu abaningi ukwedlula izimoto namabhasi.



Sikwazi nokuthwala izinto ezisindayo neziningi ezedlula ezingathwalwa ngamaloli.

**Masikhulume**


**Buka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngezinhlobo ezihlukahlukene zezinto ezisebenzisa ujantshi.**

Yiziphi kulezi ongazichaza uthi izitimela ezithutha abantu?

Yiziphi kulezi ongazichaza uthi izitimela ezithutha impahla?

Zinto zini ezithwalwa yizitimela?


Isitimela esihambisa abantu sibizwa ngesitimela sabantu. Isitimela esithwala impahla, hhayi abantu, sibizwa ngeguzu.



Isitimela samalahle



Isitimela sikagesi



Isitimela sikadizili



Isitimela esinejubane eliphakeme



## Qhathanisa

Dweba umugqa uqondanise uhlobo lwesitimela esingakwesokudla namagama asichazayo angakwesobunxele.


| |
|---|
| Sisebenzisa udizili uma sihamba. |
| Sisebenzisa amalahle. |
| Sigijima kakhulu. Sisebenzisa ugesi. Sifinyelela ejubaneni lama-200 km ngehora. Isitimela sokuqala salolu hlobo eNingizimu Afrika siseGauteng, Sibizwa ngeGautrain. |
| Sisebenzisa ugesi. Kunezintambo ezisiphakela ugesi eziphezulu. |





## Masenzeni lokhu

Dweba isitimela sakho lapha esikhaleni esingezansi. Tshengisa abangani bakho isithombe sakho Xoxa ngezimo kanye nemibala.





## Masibhale

Phendula le mibuzo:

| | |
|---|---|
| Siluhlobo luni isitimela osidwebile? | |
| Kubiza malini ukusebenzisa isitimela? | |
| Sihamba sifikephi isitimela sakho? | |



## Yenza lokhu ngaphandle

- Gxuma, yeqa, jomba uye phezulu naphansi, jombela phambili ngezinyawo zombili.
- Manje-ke yenza okuthile ezithiyweni ezibekwe nguthisha. Kumele ukhwele, ugaqe, ushushuluze noma weqe ukuze usuke esithiyweni esithile uye kwesinye. Zama ukwenza lokhu uthwele isaka likabhontshisi ekhanda.



# 39 Ezokuthutha ezihamba emoyeni

## Masifunde

Okwamanje usafunde ngezinhlobo zezindlela zokuthutha ezisetshenziswa ezweni. Kunezindlela ezahlukene futhi zokuthutha zasemoyeni. 1. Sisebenzisa izindiza ukundizela ezindaweni ezikude. 2. Imoto ikwazi ukugijima ngesivinini sama-120 km ngehora. 3. Isitimela esinesivinini esikhulu sigijima ama-200 km ngehora. 4. Ibhanoyi lona lingagijima ngama-955 km ngehora! Izindiza ezijwayelekile kanye nalezo ezinophephela emhlane zinezinjini ezinamandla kakhulu. 5. Amabhaluni ahamba ngomoya oshisayo kanye neziphekepheke (gliders) khona akunazinjini. Amabhaluni omoya oshisayo wona andiziswa yiwo umoya oshisayo. Iziphekepheke kazinamaphiko azindizisayo. Abantu bavame ukusebenzisa amabhaluni omoya oshisayo neziphekepheke ukuzijabulisa nokudlala nje. 6. Osomkhathi bahamba ngomkhumbi mpkhathi uma beya emkhathini.

## Masenzeni lokhu

Dweba umugqa usuke esithombeni uye egameni elifanele.

- indiza enophephela emhlane
- ibhanoyi eligitshelwa ngabantu
- iziphekepheke
- ibhaluni elihamba ngomoya oshisayo
- ihangiglayida
- umkhumbimkhathi



## Masibhale

Yenza sengathi uphakama ngebhaluni lomoya oshisayo. Yini oyibona phansi njengoba uphezulu nje? Bhala izinto ezintathu ongase uzibone.


| |
|---|
| |
| |
| |



Usuku:.................................

## Masikhulume

USusana nomfowabo uNemba bazovakashela umzala wabo ohlala eGoli. Bazondiza besuka eKapa. Bheka isithombe bese ukhuluma nomngani wakho nisho ukuthi benzani.




## Masibhale

Funda le misho. Buka lezi zithombe futhi, bese ulandelanisa le misho ngokulandelana kwendaba uyinike izinombolo ezisuka ku-1 kuya ku-8.

| | |
|---|---|
| | Izikhwama zikaSusana noNemba ziyakalwa. |
| | Abazali bakaSusana noNemba babayisa ngemoto esikhumulweni sezindiza. |
| | Bathola izincwadi zokudlula emasangweni aya endizeni. |
| | Inkosazana yasezindizeni ihambisa oNemba noSusana kwabezokuphepha. |
| | OSusana noNemba bagibela izitebhisi bangena endizeni. |
| | USusana, uNemba nabazali baya ekhawunteni. |
| | Bonke bahlala phansi babopha amabhande. |
| | Bayathathaza kubazali. |

Teacher:
Sign:
Date:

40

# Ezokuthutha zasemanzini

Masifunde

Uhlobo lokugcina lwezokuthutha ngolusebenzisa amanzi. Sekungamakhulu eminyaka abantu besebenzisa amanzi ukuhamba nokuthutha izimpahla. Siyakwazi ukunqamula izilwandle sivakashele amanye amazwe sisebenzise imifula namadamukazi ukuya ezindaweni ezahlukene emazweni akithi.

Masibhale

Sihamba kanjani emanzini? Buka izithombe ezingezansi bese uxoxa nomngani wakho ngezithombe zezinhlobo zokuthutha esihamba ngazo emanzini.



Isikebhe esigwedlwayo/ samaphini



Isikebhe esihamba ngomoya



Isikebhe esinenjini

Umkhumbi othwala abantu





Isihlenga

Yikuphi okusetshenziswa abantu ukuhamba ngomfula?

Yikuphi okusetshenziswa abantu uma behamba ngolwandle ukuya phesheya?

Ucabanga ukuthi ngabe abantu basebenzisa isikebhe esinenjini ukuhamba uhambo olude noma olufushane?

Masibhale

Bhala umusho owodwa ngohlobo ngalunye lwalezi zikebhe usho ukuthi lungasetshenziselwa ukwenzani.

| |
|---|
| |
| |
| |

Usuku:.................................

## Masikhulume

Khuluma nomngani wakho ngale mibuzo.



- Yiluphi uhlobo lokuthutha oluphuma phambili kuwena? Kungani usho njalo?
- Ndlela yini yokuthutha ehamba kancane?
- Ndlela yini yokuthutha esheshayo?
- Ndlela yini yokuthutha esetshenziswa wuthisha wakho ukuza esikoleni?
- Sitholakala kuphi isitimela esinejubane eliphakeme eNingizimu Afrika?

## Masenzeni lokhu

Dweba isithombe sohlobo lokuthutha oluthanda kakhulu. Yimoto, yisikebhe, indiza noma yibhayisikili? Ungadweba nehhashi uma kuyilo.





## Yenza lokhu ngaphandle

Dlala umdlalo wemvu nempisi. Hlukanisa abafundi babe ngamaqembu amabili: elilodwa libe yizimpisi, elinye libe yizimvu. Khombisa indawo lapho izimvu zibekwa khona uma zibanjiwe. Uthisha uzokwenza uphawu, izimpisi bese zizama ukubamba izimvu. Izimvu ezibanjiwe zingena kule ndawo elungisiwe. Izimvu ezisele zizama ukukhulula lezi ezibanjiwe. Izimvu ezikwaze ukuthintwa kumele zibuyele emdlalweni.







41

# Okunye ngezithuthi zasemanzini



**Masikhulume** Buka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo.



Wake wazibona izindlela zokuthutha ezifana nalezi?

Yini ekwazi ukuhamba ngaphansi kwamanzi?


Ingabe uyawazi yini amagama ezinye zalezi zinhlobo zezinto zokuhamba emanzini?





**Masifunde** Funda imisho engezansi, bese ubuka izithombe. Qondanisa iqoqo ngalinye lemisho nesithombe esifanele. Bhala inombolo efanele eceleni kwesithombe.

1. Feri yisikebhe esithutha abantu, izimoto kanye nezinye izimpahla iziwelisele ngaphesheya komfula. Kukhona iphonti enje eMalgas e-Western Cape. Ithatha izimoto kanye nabantu ibawezele ngaphesheya komfula iBreede.



2. ISabhumarini ihamba ngaphansi kwamanzi. Amasabhumarini amaningi makhulu futhi ayakwazi ukuthwala abantu abaningi. Isabhumarini enkulu kunawo onke iyakwazi ukuhlala ngaphansi kwamanzi izinyanga eziningi.



3. Abanye abantu bahlala ezindlini eziyizikebhe. Abavakashi abathatha amaholide ezindaweni ezifana neKariba, eZimbabwe bayakwazi ukuhlala endlini eyisikebhe bazulazule echibini.



Usuku:..............................



## Masifunde

Usufundile ukuthi izitimela zisebenzisa izinhlobonhlobo zamandla ukuze zikwazi ukuhamba. Nezikebhe zisebenzisa izinhlobonhlobo zamandla. Ezinye zezikebhe zisebenzisa amandla abantu. Ezinye izikebhe zisebenzisa amandla kadizili noma amandla enjini yestimu. Izikebhe eziningi zisebenzisa umandla omoya.



## Masibhale

Thikha impendulo efanele ukuphendula imibuzo elandelayo.


| Sisebenzisani isikebhe samaphini uma sihanjiswa? | |
|---|---|
| idizili | |
| abantu | |
| umoya | |




| Sisebenzisani isikebhe esinenjini uma sihanjiswa? | |
|---|---|
| umoya | |
| isitimu | |
| uphethiloli | |



| Sisebenzisani isikebhe soseyili uma sihanjiswa? | |
|---|---|
| isitimu | |
| umoya | |
| abantu | |





# 42 Izithuthi zomphakathi

**Masikhulume**

Sisuke siqondeni ngezinto zokuthutha umphakathi? Ngabe imoto kathishanhloko wakho yisithuthi somphakathi? Ingabe ibhayisikili lothize yisithuthi somphakathi? Ngabe ibhasi liyisithuthi somphakathi?

**Masifunde**

Izinto zokuthutha umphakathi zisetshenziswa ngumuntu wonke, kodwa kumele likhokhelwe ithikithi lokugibela. Izitimela, amabhasi, amabhanoyi, amatekisi kanye nezikebhe kuyasetshenziswa njengezinto zokuthutha.

**Masibhale**

Yiluphi uhlobo lwesithuthi somphakathi owake walusebenzisa?

Yini okumele uyenze ngaphambi kokusebenzisa izithuthi zomphakathi?

Bazisebenzisa nini abantu izithuthi zomphakathi?

**Masenzeni lokhu**

**Zama ukuthola eklasini lakho ukuthi yibaphi futhi bangaki abantwana abasebenzisa izithuthi zomphakathi. Faka umbala ebhulokhini elisethebhuleni elingezansi ohlotsheni ngalunye lwezinto zokuthutha umphakathi umuntu ngamunye alusebenzisile.**

| Isibalo sabafundi engifunda nabo | ITekisi | ISitimela | IBhasi | IBhanoyi |
|---|---|---|---|---|
| 11 | | | | |
| 10 | | | | |
| 9 | | | | |
| 8 | | | | |
| 7 | | | | |
| 6 | | | | |
| 5 | | | | |
| 4 | | | | |
| 3 | | | | |
| 2 | | | | |
| 1 | | | | |






Usuku:..................................


Masenzeni lokhu

- Sebenzisa izinto ezike zasebenza aseke asebenza ukwakha imoto ezokuba yisitsha sokuhlala amapensela.
- Yipende futhi uyihlobise imoto yakho.




Masenzeni lokhu

Sika izithombe zezinhlobo ezahlukene zezithuthi ngezansi kuleli khasi noma ephephendabeni noma ephephabhukwini. Namathisela isithombe ngasinye endaweni efanele. Faka umbala kuzo zonke izithombe.















# 43 Ukuphepha emgwaqweni



Masikhulume

Abantu kulesi sithombe bephula imithetho yomgwaqo.
Tshela umngani wakho ngalokho abangakwenzi ngendlela efanele.
Kungani sidinga ukuhlonipha imithetho yomgwaqo?



Usuku:..............................................




## Masifunde

Cishe nyanga zonke sifunda futhi sizwe ngezingane zesikole ezishayiswa yizimoto uma zisendleleni eya esikoleni zihamba ngezinyawo noma amabhayisikili. Kunesiqiniseko sokuphepha emgwaqweni uma umuntu ehlonipha imithetho yomgwaqo.



### Imithetho yabahamba ngezinyawo

- Uma weqa umgwaqo, vama ukubheka ngakwesokudla, bese ubheka ngakwesokunxele, uphinde ubheke ngakwesokudla ukuqinisekisa ukuthi akunazimoto, mabhayisekili, matekisi noma amabhasi okuzayo.
- Uma umgwaqo usebenza kakhulu, thola indawo lapho kunophawu lokuma, noma irobhothi noma lapho umgwaqo unemiqqa bese uwela khona kodwa hhayi endaweni emaphakathi nomgwaqo.
- Kumele kube yindawo edwetshwe imigqa emhlophe yabantu abawela ngezinyawo, noma kube yilapho kunabawelisa abantwana khona. Lezi yizindawo eziphephile okungawelwa kuzo.
- Ungahambi phakathi emgwaqweni. Hamba endaweni eyenzelwe abahamba ngezinyawo. Uma ingekho, hamba kude nezimoto. Njalo nje hamba ngakwesokudla somgwaqo ukuze ubhekane nazo izimoto ezizayo uzibone kangcono.
- Akufanele udlale imidlalo eduze komgwaqo.
- Qaphelisisa ngaphambili kokuba weqe umgwaqo endaweni lapho izimoto zingena noma zijika khona.





### Imithetho yabamabhayisikili

- Qinisekisa ukuthi ibhayisikili lakho lisesimweni esifanele. Bheka amathayi, amabhuleki, amaphedali, iketango, izibambo, insimbi kanye nelambu ngaphambili kokuba ugibele.
- Uma kusebusuku noma kungakhanyi kahle, udinga izibani ezikhanya kahle ebhayisikilini lakho, ngaphambili kanye nesitikha esicwebezelayo ngemuva.
- Njalo nje faka ihelimethi, isigqoko sokuzivikela. Izovikela ikhanda lakho lingalimali uma uwa noma kuba nengozi. Ihelimethi ingayiphephisa impilo yakho.
- Uma kunendlela ehlelelwe amabhayisikili, sebenzisa yona uyeke umgwaqo.
- Hlela ukuthi uzofinyelela kanjani lapho oya khona.
- Sebenzisa indlela ephephile hhayi indlela emfushane nje.
- Sebenzisa ngendlela efanele izimpawu zesandla kucace uma ujika.
- Ungalingi ugibele ibhayisikili uhambe eduze komunye ohamba ngebhayisikili naye – landela ngemuva komunye njalo.
- Ungalingi wenze imigilingwane ngebhayisikili uma uligibele.



## Yenza lokhu ngaphandle

Cela uthisa wakho ukuba akutshengise ukwenza ungqimphothwe oya phambili noya emuva.



# 44 Imithetho yomgwaqo



Masibhale Phinda ubheke isithombe esisekhasini 22. Phendula le mibuzo.

| |
|---|
| Bangaki abantu abephula imithetho yemigwaqo? |
| |
| Owesifazane ophethe isikhwama wephula muphi umthetho? |
| |
| Intombazana egibele ibhayisikili yephula emingaki imithetho? |
| |
| Yephula miphi imithetho? |
| |
| Kungase kwenzekeni kumkhulu? |
| |
| Yini okumele uyenze njalo ngaphambi kokweqa umgwaqo? |
| |

Masikhulume


Amarobhothi anamalambu amathathu.

Anamibala mini?

Imibala isho ukuthini?

Mbala muni ophezulu?

Mbala muni ophakathi nendawo erobhothini?




Usuku: ...................................




## Masenzeni lokhu

Hlikihla ngombala ofanele kulawa marobhothi ukuze ahambisane negama elingezansi. Bese usho ukuthi uphawu ngalunye lusho ukuthini.





Beka uphawu (✔) ebhokisini eliseceleni kwerobhothi elitshengisa ukuthi kuphephile ukweqa umgwaqo, nophawu (✗) uma kungaphephile ukuwela umgwaqo.



☐

☐






## Masiqhubeke

- Phonsa isaka likabhontshisi phezulu ulinqake. Manje-ke liphonse le phambili kude impela.
- Sebenzani nibe babili. Shintshanani ngokuphonsa nokwenqaka isaka likabhontshisi.
- Sebenzani njengamathimba. Bheka ukuthi mangaki amasaka kabhontshisi ithimba lakho elikwazi ukuwaphonsa angene kubhasikidi esikhathini esingangemizuzwana engama-60.





45

# Abawelisa izingane zesikole




**Masikhulume**

Buka isithombe bese uxoxa nomngani wakho ngaso.

- Kuchaza ukuthini ukuthi abawelisa izingane?
- Lokhu kubasiza kanjani abantwana?
- Kubaluleke ngani kuwe?

**Masibhale** Phendula le mibuzo.

| |
|---|
| Kuphephile yini ukuthi izingane ziziwelele zodwa emgwaqweni? |
| |
| Kungani usho kanjalo? |
| |
| Kumele babe khona nini abawelisa izingane emgwaqweni? |
| |
| Ubonakala ngani umuntu oyilungu labawelisa izingane emgwaqweni? |
| |
| Abawelisa izingane bazimisa kanjani izimoto? |
| |
| Babavimbela kanjani abafundi ekweqeni umgwaqo? |
| |



Masenzeni lokhu

Usuku:..............................

UDumisani nonina baya emtatsheni wezincwadi. Uma besendleleni babona izimpawu zomgwaqo. Zichaza ukuthini? Qondanisa izimpawu nezincazelo zazo.




Abavunyelwe abahamba ngezinyawo.





Kunophawu oluthi YIMA ngaphambili.




Kuwela abezinyawo lapha.



Umtapo wezincwadi.



Kunempambano yemigwaqo ngaphambili.

Kuvumeleke abezinyawo kuphela.




Masibhale

UNtombi noyise bahamba ngemoto baya edolobheni bayothenga. Babona izimpawu zomgwaqo. UNtombi ubuza uyise ukuthi lezi zimpawu zichaza ukuthini. Uyazi wena ukuthi zisho ukuthini? Sebenzisana nomngani wakho nibhale phansi ukuthi uyise kaNtombi kumele enzeni uma kuvela lezi zimpawu. Ukuqiniseka ukuthi izimpendulo zakho zilungile, phendula ibhuku ulibhekise phansi.

1




2



3



4






Izimpendulo:
(1) Yima lapho kunophawu. (2) Akungenwa lapha. (3) Ungahambi lapha.
(4) Awuvunyelwe ukusika imoto oyilandelayo.

# 46 Indlela amaphoyisa omgwaqo asisiza ngayo

**Masikhulume** Buka isithombe uphendule imibuzo elandelayo.

Yiliphi leli phoyisa ezinhlotsheni zamaphoyisa?

Yini oyaziyo ngamaphoyisa omgwaqo?



**Masibhale** Phendula le mibuzo.

| Lenzani iphoyisa lomgwaqo? |
| --- |
| |
| |
| **Lingakusiza kanjani iphoyisa lomgwaqo?** |
| |
| |
| **Ucabanga ukuthi kungani imoto yamaphoyisa imi kanje?** |
| |

Usuku:..........................................

**Masikhulume** Buka isithombe bese uxoxa nomngani wakho ngaso.



**Masibhale** Phendula le mibuzo.

| Yini eyenziwe umshayeli wemoto eluhlaza okwesibhakabhaka engafanele? |
| --- |
| |
| **Ucabanga ukuthi yini okumele yenziwe yiphoyisa lomgwaqo?** |
| |

**Masenzeni lokhu** Sebenzisa isokisi elidala ukwenza iphaphethi yakho yesandla. Wena nomngani wakho ningasebenzisa amaphaphethi ukutshengisa umshayeli bhayisikile oweqa irobhothi libomvu. Oyedwa wenu abe ngumshayeli webhayisikiliomunye abe yiphoyisa lomgwaqo.

**Masiqhubeke**

1. Gijima uye noma yikuphi eklasini.
   - Uma uthisha ethi yima, ume lapho ukhona unganyakazi.
2. Uthisha wakho uzonehlukanisa anihlele nibe ngamaqembu azogijima anikane indukwana.
   - Nizodlala umdlalo wokunikana indukwana.
   - Iqembu elenze imigijimo emininingana yilona elinqobile.



Teacher:

Sign:

Date:

47

# Abanye abantu abawusizo kithi



**Masikhulume**

Xoxa nomngani wakho ngabo bonke abantu abangakusiza emphakathini wakho.



**Qhathanisa**

Dweba umugqa uxhume izithombe ezingakwesokudla nezincazelo ezingakwesokunxele.

Umsebenzi wami ukusiza abantu abavakashele umtapo wezincwadi ukuthola izincwadi. Kwenye inkathi ngiyaye ngithole ithuba lokuxoxela abantwana izindaba.

Ngiyazithanda izilwane. Ngisiza izilwane ezigulayo noma lezo ezilimele.

Ngisebenza ukuhambisa izincwadi ezivela eposini kubaninizo emakhaya.

Ngikusiza uma uphethwe yizinyo. Ngikutshengisa ukuthi uwanakekela kanjani amazinyo nokuthi uwagcine ephilile.

Ngisiza abantwana kanye nabantu abadala abagulayo. Ngibanika imithi bese ngibajova ukuze babe ngcono.

Ngihlanza imigwaqo. Masonto wonke ngithutha udoti wasemakhaya ngeloli.















## Masenzeni lokhu

Dweba lapha isithombe somuntu owenza umsebenzi ofuna ukuwenza.

**Uthanda ukwenza msebenzi muni uma usuqede isikole? Yisho ukuthi yini uthande lowo msebenzi.**








## Yenza lokhu ngaphandle

- Lenga ngezinyawo kuzwingi zishwibe uya phambili.
- Wena nomngani wakho dlalani umdlalo webhala. Bonani ukuthi ningafika kuphi.
- Uthisha wakho uzodlala umculo othize. Uzizwa kanjani uma ulalele lo mculo? Uzizwa ujabulile, udangele noma uphumulile.









# Imisebenzi emihle emphakathini

Qhathanisa

Dweba umugqa usuke ohlotsheni lomsebenzi kwesokunxele uye egameni elifanele kwesokudla.

| | |
|---|---|
| umthengisi wezimbali | ibhuku |
| umcimimlilo | isikele |
| udokotela | ukudla |
| umpheki | izimbali |
| umthungi | umuthi |
| uthisha | isicishamlilo |
| umlungisizinwele | abafundi |
| umbhali | izingubo |

Masifunde

UNorman ube nosuku olumatasatasa namuhla. Uqale ngoya emtapweni wezincwadi ukuyofuna incwadi efundisa ukudlala ikhilikithi. Ufike wacela usomtapo ukuba amusize. Ube esedlulela eposini ukuyothenga izitembu. Uthe uma esendleleni eya ekhaya wadlula emtholampilolo ukuyolanda imithi kagogo wakhe. Uye wadlula nasemahhovisi enkundla yebhola lezinyawo ukuyobuza ukuthi umdlalo olandelayo wabe uzokuba nini. Umphathi walendawo wabe esemcela ukuba abheke lapho kuhlonywa khona izaziso. Ekugcineni, uma uNorman efika ekhaya, wathola indlu igcwele amanzi. Kuye kwafuneka ukuba ashayele upulamba ucingo ngoba bekuqhume ipayipi endlini yokugeza.

Masibhale

Funda imibuzo elandelayo bese uba nombono wokuthi uzothini uNorman kwisimo ngasinye bese ubhala phansi.


| |
|---|
| Obani abantu abane abasize uNorman namhlanje? |
| |
| Utheni uNorman kusomtapo? |
| |

Usuku:..................................

| Utheni uNorman kusokhemisi? |
| --- |
| |
| **Utheni uNorman kumphathi wezinkundla zebhola?** |
| |
| **Utheni uNorman kupulamba?** |
| |

Masenzeni lokhu

Buka lezi zithombe. Zikhombisa uNemba enza zonke lezi zinto esithe uyazenza kodwa kazilandelani. Wena zinikeze izinombolo ukuze zilandelane kahle.




Masenzeni lokhu

Uma kufika ithuba lakho uthisha uzocela uthathe iphepha ebhokisini. Buka igama elisephepheni kodwa ungatsheli muntu ukuthi kubhalweni. Okubhalwe lapha wuhlobo lomsebenzi. Manje khombisa iklasi lakho ukuthi lo msebenzi uyini ngokulingisa ngaphandle kokukhuluma. Abanye abafundi kumele basho ukuthi utshengisa msebenzi muni.

Masiqhubeke



- Phonsa ibhola lethenisi phezulu, ulenqake. Phinda uliphonse kakhudlwana manje, ulenqake futhi. Bese ubuye uliphonsa liphakame kukhudlwana kunokwesibili, ubuye ulenqake.

Uthisha uzokunika ibhola futhi.

- Libeke phansi enhlabathini. Bhampisa ibhola ngaphakathi kwehuphu ngesandla sakho sokudla bese ulibamba ngesandla sokunxele. Shintsha izandla ngenkathi uphinda ulibhampisa. Hamba ngaphandle kwehuphu, ubhampise ibhola ngaphakathi kwehuphu. Shintsha izandla ulibhampise futhi. Yima ngaphakathi kwehuphu ubhampise ibhola ngaphandle kwayo.
- Hamba ude uya ngapha nangapha phakathi komaka ngenkathi ubhampisa ibhola.



49

# Izwe lethu, iNingizimu Afrika



Masenzeni lokhu

Buka ibalazwe elineNingizimu Afrika. Faka isiphambano esifundazweni ohlala kuso. Thola idolobha lakini noma indawo yakini uyikokelezele. Uma uhlala kwenye indawo faka isiphambano ebalazweni ukukhombisa lapho ocabanga ukuthi uhlala khona.



Usuku:.................................



**Masibhale** Buka futhi ibalazwe bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| Uhlala kusiphi isifundazwe? |
| |
| Yini igama lendawo ohlala kuyo? |
| |
| Yiziphi izifundazwe ezingomakhelwane besakho? |
| |
| Uma kunabavakashi esifundazweni sakho bayaye bafune ukubonani? |
| |




**Masibhale** Yenza sengathi uzovakashela izifundazwe ezimbili. Yiziphi ofisa ukuzivakashela? Bhala izinto ezimbili ofuna ukuyozibona kulezo zifundazwe.

| Yisho igama lesifundazwe | Izinto ofuna ukuzibona |
|---|---|
| | |
| | |
| | |

ENingizimu Afrika sinezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni. Bhala amagama ezilimi ezine ozaziyo. Ngabe wena noma omunye wabangani bakho uyakwazi ukukhuluma olunye lwalezi zilimi? Bhala amagama abo eduze kwezilimi abazikhulumayo.

| | Ulimi Olusemthethweni | Abantu engibaziyo abakhuluma ulimi |
|---|---|---|
| 1. | | |
| 2. | | |
| 3. | | |
| 4. | | |




# Ifulegi lethu lesizwe



**Masenzeni lokhu**

INingizimu Afrika yathola ifulegi ngomhla zi-27 ku-kuMbasa 1994. Liyifulegi lesizwe sethu ngoba ngelaleli lizwe. Lifake imibala. Sebenzisa le mibala ezinombolweni ezisesithombeni:

| | |
|---|---|
| 1 = kubomvu | |
| 2 = kusatshani | |
| 3 = kuphuzi | |
| 4 = kumhlophe | |
| 5 = kusasibhakabhaka | |
| 6 = kumnyama | |




**Masikhulume**

Khuluma nabangani bakho ngezindawo lapho kubonakala khona ifulegi laseNingizimu Afrika.

Kungabe likhona ifulegi laseNingizimu Afrika esikoleni sakho?

Zikhona yini ezinye izindawo emphakathini wakini lapho okubonakala khona ifulegi laseNingizmu Afrika?

Ngabe sinalo yini ifulegi isiteshi samaphoyisa sangakini?

**Masibhale**

Yimiphi imicimbi lapho esibona khona Ifulegi Lesizwe?
Bhala imidlalo emi-3 noma emi-4 lapho ifulegi liphakanyiswa khona.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

**Masibhale**

Funda le misho. Thikha (✔) uma umusho uliqiniso ubeke isiphambano (✘) uma umusho ungelona iqiniso.

| | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Ifulegi laphephezeliswa okokuqala ngomhla zingama-27 ku-Mbaso 1994. | | |
| Kunemibala emibili efulegini. | | |
| INingizimu Afrika ibe nefulegi kusukela zingama-27 ku-Mbaso 1994. | | |
| Uye ulibone yini ifulegi esiteshini samaphoyisa? | | |

**Masikhulume**

Buka lesi sithombe bese uxoxa nomngani wakho ngokuthi abadlali bebhola lezinyawo abasesithombeni benzani.



**Yenza lokhu ngaphandle**

Yenzani isikokela ngokubambana ngezandla.

- Gxumanini endaweni eyodwa.
- Hambani amagxathu ayi-6 ukuya phambili.
- Gxumani amahlandla ayi-10 niya emuva.
- Gxuma ka-6 ngonyawo olulodwa
- Thatha amagxathu ama-3 uye ngakwesokunxele uphinde uthathe amagxathu ama-3 uye ngakwesokudla.
- Hamba lukeke uphambanise izinyawo
- Yima!

***Amanothi kathisha:** Bonisa imiyalelo kwi flash khadi.*



# ICulo Lesizwe neSiphandla Sezwe lethu

**Masifunde**

Sineculo elimnandi kakhulu esilibiza ngeCulo Lesizwe. Igama leculo lesizwe ngu-"Nkosi Sikelel' iAfrika", okuchaza ukuthi "Nkosi Busisa i-Afrika". Amavesi alo okuqala angesiZulu, ngesiXhosa nangesiSotho. Amavesi amabili okugcina angesiBhunu nangesiNgisi.

**Masiculeni**

Nanka amagama eculo elithi *Nkosi sikelel' iAfrika*.
Uyakwazi ukuwahlabelela? Ake sizame.

| | Amazwi eCulo Lesizwe | Iculo ngesiNgisi |
|---|---|---|
| isiXhosa | Nkosi sikelel' iAfrika<br>Maluphakanyisw' uphondo lwayo, | Lord, bless Africa<br>May her spirit rise, |
| isiZulu | Yizwa imithandazo yethu,<br>Nkosi sikelela, thina lusapho lwayo. | Hear our prayers,<br>Lord bless us, her children. |
| isiSotho | Morena boloka setjhaba sa heso,<br>O fedise dintwa le matshwenyeho,<br>O se boloke,<br>O se boloke setjhaba sa heso,<br>Setjhaba sa, South Afrika,<br>South Afrika. | Lord, we ask that our<br>nation be protected,<br>That all conflicts are ended.<br>Protect us, protect our nation,<br>our nation, South Africa,<br>South Africa. |
| isiBhunu | Uit die blou van onse hemel,<br>uit die diepte van ons see,<br>Oor ons ewige gebergtes<br>waar die kranse antwoord gee, | Ringing out from our blue heavens,<br>From our deep seas breaking round,<br>Over ever-lasting mountains,<br>Where the echoeing crags resound. |
| isiNgisi | Sounds the call to come together,<br>And united we shall stand,<br>Let us live and strive for freedom<br>In South Africa our land. |  |

Usuku: ..............................

**Masibhale** Liculwa nini iCulo Lesizwe? Funda le misho. Faka uphawu (✔) uma umusho ulungile noma uphawu (✘) uma ungalungile.

| | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Abantu bayalicula iCulo Lesizwe esontweni. | | |
| IBafana Bafana iyamcula uNkosi Sikelel' iAfrika ngaphambi kokudlala umdlalo. | | |
| Siyalicula iCulo Lesizwe esikoleni. | | |

**Masifunde** Uma umuntu ebona isiginisha yakho (indlela ekhethekile obhala ngayo igama lakho) encwadini, uyazi ukuthi leyo ncwadi iphuma kuwe. Isiphandla Sezwe sifana nesiginesha yezwe. Uma ubona umdwebo oyisiphandla sezwe ebhukwini noma encwadini yombiko, uzokwazi ukuthi lowo mbhalo uvela kuhulumeni waseNingizimu Afrika. Isiphandla Sezwe sethu sinezithombe phakathi. Isithombe ngasinye sinencazelo ekhethekile.

Intinginono inamaphiko avulekile, ikhombisa ukuthi izwe livikelekile ngayo.

Imbali yesiqalaba iveza umfanekiso wobuhle bezwe.

Izimpondo zendlovu zifakelwe ukuveza ubuhlakani baleli zwe.

Ukolweni ukhombisa ukuba nokudla komhlabathi wezwe, izitshalo ezitshalwayo zimila kalula zibe nokudla okuningi.




Ukuphuma kwelanga kuchaza impilo enokukhanya kuyo.

Umkhonto newisa, okulalisiwe, kuchaza ukuthi kunokuthula ezweni.

Isihlangu sikhombisa ukuthi simi ngomumo ukuhlangabezana nanoma yini.

Imidwebo emibili yamatshe yamaSan, isikhumbuza ngabantu bokuqala ukuzinza kuleli zwe lethu.

Isiqubulo sethu sithi, Ike e:/xarra//ke, ngesiKhoisan okusho ukuthi "abantu bezinhlanga ezahlukene bayakwazi ukubumbana"

**Masikhulume**

Xoxa nomngani wakho ngezindawo okukhona kuzo Isiphandla Sezwe lethu. Ungamkhombisa umngani wakho Isiphandla Sezwe njengamanje?

**Masibhale** Bhala izindawo ezi-2 noma ezi-3 lapho uke wabona khona Isiphandla Sezwe.

| |
|---|
| |
| |

Teacher:
Sign:
Date:

# Izimpawu zesizwe



Masifunde

Buka lezi zithombe. Uphawu ngalunye kulezi ngolweNingizimu Afrika. Uphawu lumele into ethize. Zonke lezi zimpawu zimele iNingizimu Afrika.

Masibhale

Bhala isihloko ngesithombe ngasinye kwezingezansi eziwuphawu lwesizwe. Sebenzisa okukodwa kokulandelayo:


| Insephe | iGaljuni | Umkhoba | Indwa | Isiqalaba |
|---|---|---|---|---|











Masenzeni lokhu


Yenza umdwebo ophendiwe yolulodwa lwalezi zimpawu. Xoxa ngombala, ukwakheka nesimo sawo.



**Masibhale** Qedela le misho. Sebenzisa lawa magama.



umkhoba



isiqalaba



iSpringbok



inhlanzi

5

ezinhlanu



inyamazane



amasenti amahlanu

Imbali yesizwe ______________________________________________.

Isihlahla sesizwe ______________________________________________.


Insephe yi ______________________________________________.

Inyoni yesizwe yile esemalini ________________________________.

Isilwane sesizwe sisejezini leqembu i __________________________.

Kunezilimi ____________________________ eCulweni Lesizwe.

Igaljuni ____________________________ yesizwe.



# 53 Izinhlobo ezahlukahlukene zokuxhumana



Masikhulume

Buka isithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo zonke izindlela zokuxhumana ozibona esithombeni.

Masifunde


Ukukhuluma ngenye yezindlela zokuxhumana ezaziwayo. Siyakwazi futhi ukuxhumana ngokubhalelana. Kwenye inkathi sixhumana ngaphandle kolimi. Bheka izithombe ezisekhasini elilandelayo. Isithombe ngasinye sisitshela okuthize ngaphandle kokusebenzisa ulimi.

## Masibhale

Ezikhaleni ezingezansi kwezithombe, bhala usho ukuthi isithombe ngasinye sizama ukusitshelani.


____________________


____________________


____________________


____________________

## Masenzeni lokhu

Bheka le misho esemabhokisini.

Singatshela umuntu konke lokhu ngaphandle kokukhuluma. Shintshanani nomngani nikhombise ukuthi lokhu ngakunye sikudlulisela kanjani komunye umuntu.

Yebo. | Angazi. | Hlala lapha nami. | Woza lapha. | Cha. | Ngithukuthele. | Thula umsindo.

## Masifunde

Uma ukhuluma nomuntu ocingweni khumbula ukuthi akakuboni. Uma usebenzisa izimpawu zobuso nezandla, ngeke abone ukuthi uzama ukuthini. Ungalisebenzisa izwi. Ungalenza izwi lijabulise noma lidumale, uzokuzwa ukuthi uthini.


## Masenzeni lokhu

Shintshana nomngani wakho nisho le misho. Khombisani ngobuso lokho enikushoyo. Ningazisebenzisa nezandla kanye namazwi.



| Phimisa umusho | Indlela ozizwa ngayo |
|---|---|
| Ubaba ungiyise emtatsheni wezincwadi. | ngijabulile |
| Siye edolobheni ngetekisi. | ngijabulile |
| Bengihlezi ekhaya ngoMgqibelo. | ngithukuthele |
| Ugogo uzobuya eze akhaya. | ngidumele |
| Bekunomsindo kakhulu. | ngiyesaba |
| Namuhla uLwesine. | ngijabulile |






Manje phinda usho imisho. Manje, sebenzisa izwi lakho **KUPHELA** ukutshengisa imizwa yakho.


# 54 Ukuxhumana ngokubhalelana kanye nangamazwi



**Masibhale**

Siyabhalelana uma sifuna ukuxhumana ngezindlela eziningi. Buka izithombe bese ubhala ilebuli elifanele ngezansi kwesithombe ngasinye.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| i-SMS | i-imeyili | incwadi | ifeksi | iphosikhadi |










**Masibhale**

Yenza sengathi useholidini edolobheni ongakaze uye kulo. Bhala iphosikhadi ulibhekise kumngani wakho umtshele yonke into oyibonile noyenzile.



Usuku:.................................

## Masenzeni lokhu

Sebenzisana nomngani wakho.



- Hlalani phansi nifulathelane bese nenza sengathi nikhuluma ocingweni.
- Xoxisanani ngokudedelana ngeholidi ebenikulo.
- Sebenzisa izwi lakho ukuzwakalisa imizwa yakho.

## Masikhulume

Buka isithombe  bese uxoxa nomngani wakho. Ziwasebenzisa kanjani amazwi azo lezi zingane? Khuluma ngezinye zezindlela zokuxhumana ngokusebenzisa izwi.




## Masiqhubeke



Masidlaleni ikhilikithi.


- Zehlukaniseni nibe ngamaqembu ekhilikithi amabili.
- Nqumani ukuthi yiliphi iqembu elizobhetha ibhola nokuthi yiliphi elizobhawula.
- Ingabe uyayazi yini imithetho yekhilikithi?
  Uma ungayazi, uthisha wakho uzokusiza.



# Ezinye izindlela zokuxhumana

**Masenzeni lokhu**

Uyayazi yini indlela ezohanjwa yiposikhadi lakho uma liya kumngani? Funda lezi zinyathelo elizozithatha kuleyo ndlela. Manje-ke buka lezi zithombe. Zinikeze izinombolo ukuze zihambisane nezigaba ezisencazelweni.









1
Uyalibhala iposikhadi.

2
Uthenga isitembu usinamathisele eposikhadini.

3
Uyaliposa iposikhadi esigxotsheni seposi.

4
Imoto yeposi iyalithatha ilise ehhovisi leposi.

5
Ehhovisi leposi bayalihlela iposikhadi lakho balifake nezincwadi eziya endaweni efanayo nebhalwe eposikhadini lakho.

6
Manje iposikhadi lakho lihamba ngesitimela noma ngebhanoyi ukuya eposini lakulelo dolobha.


7
Indoda yeposi yakulelo hhovisi leposi ihambisa iposikhadi lakho kubo kamngani wakho.







Usuku:................................




**Masikhulume** Buka lesi sithombe bese uxoxa nomngani wakho ngaso. Zingaki izindlela zokuxhumana ongazithola?






**Masibhale** Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| Bangaki abantu abafunda okuthile? |
| |
| Yini esingayifunda uma sizidlalela noma sizijabulisa? |
| |
| Yini esimelwe ukuyifunda nsuku zonke ukuze sithole ukuthi kwenzekani ezweni? |
| |



56

# Ukuxhumana ngezikhangisi nangomculo




Masenzeni lokhu

Izikhangisi ziseyindlela yokuxhumana. Ungasibhala yini esakho isikhangisi ngendlela yephosta, sikhulume ngejusi yezithelo entsha? Bhala le phosta ufake lawa mazwi kuso:

- Igama lejusi yezithelo
- Inani lejusi yezithelo
- Isithombe sesithelo
- Ukuchazwa kwejusi yezithelo
- Ukuchazwa kwabantu abangayithanda ijusi yezithelo
- Indawo lapho ingathengwa khona ijusi yezithelo

Bonisa abangani bakho bese uxoxa ngemibala nezimo ozisebenzisile.



Usuku:.................................

## Masikhulume



- Xoxa nomngani wakho ngokuthi nizoyinamathisela kuphi iphosta yakho.
- Kumele kube yilapho abantu bezokwazi ukufinyelela kalula khona ukuze bayibone.


## Masenzeni lokhu

Nomculo uyindlela esixhumana ngayo futhi. Xoxa nomngani wakho ngamaculo ahlukahlukene owaziyo.



- Shintshananí niwacule la maculo anijabulisayo.
- Manje culani iculo umuntu alicula uma ehamba.
- Yiliphi eliyiculo lokuhamba?
- Ucula nini esikoleni?
- Cula iculo olithandayo.
- Chazela umngani wakho ukuthi ulithandelani.

## Masiqhubeke




Hlukanani nibe ngamaqembu amane.

Nizogijima niphethe indukwana okuzothi uma ufika kwabalandelayo uyinike oweqembu lakho asuke agijime.


Lawa maqoqwana azonikezelana kuye kuyofika kwelokugcina.

Oyedwa owine kwabokugcina uwinele lonke iqembu ebelinikezelana ngendukwana.



# Sixhumana kanjani uma singabantu abangezwa ezindlebeni?





**Masenzeni lokhu** Sisebenzisa izindlebe zethu uma kufanele sibe nokuxhumana. Dweba isithombe esikhombisa umuntu olalele. Bonisa ukuthi yini ayilalele.



**Masibhale** Phendula le mibuzo.

| |
|---|
| Yinto oyithandayo yini ukulalela umsakazo? Yisho ukuthi uwuthandelani. |
| |
| Zinto zini eziwulwazi oyaye uzithole emsakazweni? |
| |
| Msebenzi muni oyaye wenziwe nguDJ wasemsakazweni? |
| |

Usuku:....................................


## Masenzeni lokhu

Yenza sengathi ufunda izindaba emsakazweni. Sebenzisa izwi elizokwenza abalaleli bakuthande. Sebenzisa lawa mazwi:

| | | |
|---|---|---|
| iziphepho nezikhukhula | amaholidi ezikole | imigwaqo ephithizelayo |
| umntwana owenza iBanga lesi-2 | imiklomelo yabenze kahle ezibalweni | iBafana Bafana |

## Masifunde

Abantu abanokukhubazeka bavame ukuthola izindlela ezahlukene zokukhulumisana nabanye abantu. Isibonelo, abantu abaningi abangezwa abakwazi ukufunda ukukhuluma. Basebenzisa izandla noma iminwe ukwenza izimpawu bakwazi ukukhuluma nabanye abantu. Ukukhuluma kanje kubizwa ngokuthi ukukhuluma ngezimpawu. Kunezimpawu ezehlukahlukene ezinezincazelo ezahlukahlukene. Ake ubuke izibonelo zalezi zimpawu ezilandelana ngokwe-alfabhethi ngezansi. Zama ukusho igama lakho ngokusebenzisa izandla zakho. Manje sebenzisa ulimi lwezandla ukubingelela umngani wakho.




## Masibhale

Zihlole emsebenzini osanda kuwenza. Funda le mibuzo bese uthikha (✔) noma ufake isiphambano (✘) ebhokisini elifanele.

| Ukuzihlola | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Kube lula ukusho igama lami ngolimi lwezimpawu. | | |
| Ngikwazile ukumqonda umngani wami ekhuluma ngolimi lwezimpawu. | | |
| Ngikuthokozele ukukhuluma ngisebenzisa ulimi lwezimpawu. | | |

Teacher:
Sign:
Date:

# Sikwazi kanjani ukuxhumana uma singaboni emehlweni?

## Masenzeni lokhu

Vala amehlo uzame ukukhumbula izinto ongekwazi ukuzenza uma uvale amehlo womabili.
Uyakwazi ukufunda incwadi uvale amehlo?
Uyakwazi ukubhala?
Uyakwazi yini ukuthi umngani wakho uyamamatheka?
Ugqokeni namuhla umngani wakho?
Vula amehlo umbheke. Uqagele kahle noma cha?



## Masifunde

Abantu abangaboni, basebenzisa izinhlamvu zebhrayili uma befunda noma bebhala.

Abantu abakwazi ukufunda ibhrayili bayayithinta balandele amachashazi, basebenzise iminwe ukufunda amagama abhalwe ngamachashazi. Izinhlamvu ze-alfabhethi yebhrayili zasungulwa yindoda ebizwa ngoLouis Braille, owayengaboni.






## Masifunde

Bheka i-alfabhethi yebhrayili.

| ⠁ | ⠃ | ⠉ | ⠙ | ⠑ | ⠋ | ⠛ | ⠦ | ⠊ |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| A | B | C | D | E | F | G | H | I |
| ⠴ | ⠅ | ⠇ | ⠍ | ⠝ | ⠕ | ⠏ | ⠟ | ⠗ |
| J | K | L | M | N | O | P | Q | R |
| ⠎ | ⠞ | ⠥ | ⠧ | ⠺ | ⠭ | ⠽ | ⠵ | |
| S | T | U | V | W | X | Y | Z | |





## Masenzeni lokhu

Bhala igama lakho usebenzise izinhlamvu zebhrayili.

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | | | |


| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | | | |



## Masibhale

Zivivinye ngomsebenzi owedlule. Funda imibuzo bese uthikha (✔) noma ufake isiphambano (✘) ebhokisini elifanele.

| Ukuzihlola | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Ngingalikhombisa igama lami ngisebenzisa ulimi lwezimpawu. | | |
| Ngingalibhala igama lami ngebhrayili. | | |



# Imini nobusuku



**Masikhulume** Buka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo.



**Masibhale** Buka lezi zithombe futhi bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| Kukusiphi isithombe lapho kusebusuku khona? |
| |
| Yisho ukuthi yini ucabange kanjalo. |
| |
| Yisiphi isikhathi osithanda kakhulu – ngesasemini noma ebusuku?<br>Yisho ukuthi kungani. |
| |
| Yini esingayisebenzisa ukukhanyisa uma kumnyama? |
| |

Usuku:..............................................

**Masikhulume**

Bheka izithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Ithoshi lidingani ukuze lisebenze? Yini okumele uyenze ukukhanyisa ithoshi?





**Masibhale**

Bhala izinombolo kulezi zithombe ngokulandelana okufanele ukutshengisa lokho okwenziwa nguSandile ukusukela ngesikhathi sesidlo sakusihlwa kuze kufike isikhathi sokulala.














Khetha isihloko esifanele isithombe ngasinye ohlwini olukuleli thebhula.
Bhala inombolo yesithombe esifanele eduze kwesihloko.

| | |
|---|---|
| Ukhathele ngakho uyolala ngaphandle kokuchitha isikhathi. | |
| Ugeza umzimba. | |
| ULungile nomndeni wakhe bathanda ukuxoxa, badle isidlo sakusihlwa ndawonye, bese kuthi ebusuku baxoxelane izindaba. | |
| Manje sekuyisikhathi sokuthi uSiphiwe ayolala. | |
| Uxubha amazinyo. | |
| Emva kokudla kwakusihlwa bayasizana ukugeza izitsha nokulungisa ikhishi. | |




Usuku:..............................................

## Masibhale

Abanye abantu bathi uma ubona inkanyezi intweza kufanele usho isifiso sakho. Yenza sengathi ubone le nkanyezi, bese ubhala phansi into oyifisayo.

| |
|---|
| Ngifisa .... |
| |
| Ngifisa ukuphupha nge .... |
| |
| |

## Masenzeni lokhu



Penda isithombe sakho ulele.

**Uzodinga lokhu:**


- upende
- ibhulashi lokupenda
- ikhasi lephepha elimhlophe
- amanzi kujeke noma enkomishini okuhlanza ibhulashi lakho lokupenda.



**Okumele ukwenze:**


Fola ishidi lephepha libe uhhafu, bese uphinda ulivula futhi. Ohlangothini olulodwa lwephepha dweba isithombe sakho ugqoke izimpahla zakho zokulala. Manje phinda ufole iphepha lakho libe wuhhafu bese uhlikihla isandla sakho phezulu kwalo. Uma uphinda uvula iphepha uzobona iwele lakho komunye uhhafu.





## Masiqhubeke

Zifudumeze: nyakazisa amahlombe, xegisa izingalo, nyakazisa izandla. Shwiba ingalo yesokudla uyise phambili ubuye uyizungezise. Yenza kanjalo izikhathi eziyisithupha. Yenza kanjalo ngengalo yesokunxele. Shwiba ingalo yesokudla uyise emuva izikhathi eziyisithupha. Yenza kanjalo ngengalo yesokunxele. Shwiba izingalo zombili uzise phambili izikhathi eziyisithupha. Zishwibe uzise emuva. Shwiba ingalo eyodwa uyise emuva enye uyise phambili ngesikhathi esifanayo. Kwenze izikhathi eziyisithupha lokhu bese ushintsha izingalo. Zipholise: beka izandla esiswini. Donsa umoya uze ufike esiswini, kwenze kuze kufinyelele ekuthini izandla zinyakaze. Umoya obuwudonsile wuyeke wehle kancane kancane. Kwenze lokhu izikhathi zize zibe zine.



# 61 Umsebenzi wasemini nowasebusuku

**Masikhulume**

Buka lezi zithombe bese ukhuluma nomngani wakho ngazo.
Yibaphi abantu abasebenza ebusuku? Yibaphi abasebenza emini?




**Masibhale**

Yibaphi kulaba bantu abenza umsebenzi wabo emini nasebusuku?
Thikha (✔) eduze kwezithombe ezifanele.



Usuku: ..............................

**Masikhulume** Xoxani eqenjini lenu ngabo bonke abantu abasebenza ebusuku kuphela.

Kungabe othisha bayasebenza ebusuku?

Kungabe onogada basebenza ebusuku kuphela?

Ukhona umuntu omaziyo osebenza ebusuku kuphela? Wenzani?

**Masibhale** Bhala ngohlobo lomsebenzi owenziwa umuntu ngamunye ngezansi.





Teacher:
Sign:
Date:


Usuku:...............................



Masibhale

Buka lesi sithombe futhi bese uphendula le mibuzo.


| |
|---|
| Ngokwakho udokotela utheni kumvukuzi? |
| |
| Lo mvukuzi usebenzisani ukubona ngaphansi komhlaba? |
| |
| Kungani kubekwe unogada esibhedlela? |
| |
| Ukhona omaziyo osebenza ebusuku? Wenza msebenzi muni? |
| |
| Kambe kuyenzeka yini ukuthi umuntu asebenze ubusuku nemini kulandelana? Yisho ukuthi kungani usho kanjalo. |
| |
| |



Masiqhubeke

- Yehla uphinde ukhuphuke izitebhisi izikhathi ezilishumi. Yima uphefumule buthule.
- Yehla uphinde ukhuphuke izikhathi ezinye ezilishumi.
  Cula uphinde uvale izandla ngaleyo nkathi.
- Yehla uphinde ukhuphuke ezinye izikhathi ezilishumi. Nyakazisa izingalo.
- Manje thatha amagxathu ayishumi ukuya phansi naphezulu. Shaya izandla uma wenza lokhu.





# 63 Izilwane zasebusuku

**Masikhulume** Bheka izithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Bheka ukuthi zingaki kulezi zilwane ongazisho amagama azo.








**Masifunde** Izilwane eziningi ziyacasha zilale emini. Lezi zilwane sizibiza ngamanokthunali. Amanokthunali yizilwane ezilala emini bese ziphuma ebusuku. Ezinye zezilwane ezingamanokthunali zihlala ezindaweni ezishisa kakhulu futhi ezomile emini. Ziyalinda kuze kuphole sekushone ilanga, ngaphambili kokuthi ziphumele ngaphandle. Ezinye zezilwane ezingamanokthunali zicashela izilwane ezizingelayo emini. Kukhona futhi nezilwane ezingamanokthunali ezizingela ebusuku.





**Masibhale** Ake uphendule le mibuzo.

| Kungani kunezilwane ezizingela ebusuku? |
| --- |
| |
| |

| Yiziphi izilwane osuke wazizwa zibanga umsindo ebusuku? |
| --- |
| |
| |

Usuku:.......................................

**Masibhale** Funda le misho. Thikha (✔) ebhokisini uma ucabanga ukuthi umusho ulungile. Faka isiphambano (✘) uma ucabanga ukuthi awulungile.

| Ukuzihlola | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Ezinye zezilwane ezingamanokthunali zizwa kahle kakhulu. | | |
| Ezinye ziyalala emini zenzele ukuthola ukuphola. | | |
| Ezinye zezilwane ezingamanokthunali zibukhali ekuhogeleni. | | |
| Zonke izinyoni ziyizilwane zasemini. | | |

**Masifunde**



Kodwa izikhova ziyalala emini zivuke ebusuku zizingele. Zinamehlo amakhulu abona phambili njengawabantu. Izikhova zibona kahle uma kukhanya inyanga. Aziboni kahle uma kumnyama ngempela.


Izikhova zinamazipho acijile aqinile. Ziwasebenzisa ukubamba izilwane ezincane ezizithola uma zizingela. Izimpiko zazo zinezinsiba ezithambile. Lezi zimpaphe ziyazisiza ukundiza ngokuthula ukuze izilwane ezizizingelayo zingazizwa.



**Masibhale** Funda indaba yesikhova futhi bese uphendula le mibuzo.

| |
|---|
| Isikhova sisibamba kanjani isilwane uma sizingela? |
| |
| Zizingela izilwane ezingakanani izikhova? |
| |
| Zinamazipho anjani izikhova? |
| |





# Isilwane esihlale siphephile ebusuku



**Masikhulume**

Buka lesi sithombe ukhulume ngaso nomngani wakho. Uyalazi igama lalesi silwane? Wake wasibona?

**Masifunde**

Izingungumbane ziyalala emini. Zisebenzisa izinzipho zazo ezinde ukumba izimpande nezigaxa ezizidlayo. Ziyathanda ukulala ngaphansi kwamadwala. Zinezinungu umzimba wonke. Izinungu zifana nezinaliti ezicijile. Uma kunesilwane esizama ukusondela kakhulu engungumbaneni, iyahlehla ikhiphe izinungu ihlabe ngazo leso silwane. Ziyakwazi ukukhumuka futhi engungumbaneni izinungu uma ifuna ukugijima ibaleke. Umzingeli uvame ukuzwa ubuhlungu angabe esayixosha ingungumbane.

**Masibhale** Ake uphendule le mibuzo.

| |
|---|
| Sibizwa ngokuthini lesi silwane? |
| |
| Senzani uma kunesilwane esibonakala sisondela kuso kakhulu? |
| |
| Sihlala kuphi? |
| |
| Sidlani? |
| |
| Ngabe naso siyisilwane esiyinokthuli? |
| |

